

# NAL'IBALI

## Share a picture book!

November is **International Picture Book Month!** It's a time to celebrate those special books with wonderful stories and beautiful pictures that we all love so much. Picture books are meant to be read aloud, so this makes them the perfect reading resource for sharing stories with children. Here are some of our tips to help you do this.

### SHARE THE STORY

1. Start by spending some time looking at and talking about the book's front cover. Don't forget to read the story's title and the names of the author and illustrator.
2. Make sure that the children can see the pictures as you read. Sit close together if you are reading to one or two children. With more children, have them sit in front of you and hold up the book to show them the pictures as you read the story.
3. Involve your children! Younger children often enjoy turning the pages. Invite older readers to read the words of one of the characters, or a paragraph or two of the story.
4. Try different things to make stories come alive. Use different voices for different characters. Read softly in quiet, gentle parts of a story. Read quickly if a character is in a hurry or is being chased. Read in a big, booming voice for loud noises in the story.
5. Allow time for your children to look at the pictures and spend time looking closely at the pictures together. Comment on things you are curious about or that you notice and like. Encourage your children to do the same.
6. Encourage your children to ask questions. Answer them if you can, or look for the answers together by re-reading and discussing parts of the story, and looking at some of the pictures again.



### AFTER READING

1. Talk about the story together. Encourage your children to share their opinions of the ways in which the characters in the story behaved and the choices they made.
2. Find ways for children to explore the story you have read to them. For example, they could retell and act out parts of the story, or they could draw a picture of something the story makes them feel or think of, or they could write a letter to one of the story characters.

### Which stories?

- ★ Choose picture books that you enjoy, but also ones that match your children's changing interests.
- ★ Repeat stories. Children often like to hear their favourite stories again and again. They discover new things about the story each time you read it.

### Ndaba zini?

- ★ Khetha izincwadi zezithombe ozithokozelayo, kodwa lezo ezihambisana nezinto eziguquguqukayo ezithandwa yizingane zakho.
- ★ Phinda izindaba. Izingane zivamise ukuthanda ukuzwa izindaba ezizikhonzile zide ziphindwa. Zithola izinto ezintsha ngendaba isikhathi ngasinye lapho uyifunda.



## Yabelana ngencwadi yezithombe!

**ULwezi Inyanga Yamazwe Ngamazwe Yencwadi Enezithombe!** Yisikhathi sokubungaza lezo zincwadi ezikhethekile ezinezindaba ezimangazayo kanye nezithombe ezinhle esizithanda kakhulu sonke. Izincwadi zezithombe zenzelwe ukuthi zifundwe kuzwakale, ngakho lokhu kuzenza zibe wumthombo wokufunda ofanelekile ukuthi wabelane ngawo nezingane. Nawa amanye wamacebo azokusiza ukuthi wenze lokhu.

### YABELANA NGENDABA

1. Qala ngokuchitha isikhathi esithile ubheka futhi uxoxa ngekhlava yencwadi engaphambili. Ungakhohlwa ukufunda isihloko sendaba negama lombhali nelomdwebi wemifanekiso.
2. Yenza isiqiniseko sokuthi izingane ziyakwazi ukubona izithombe ngesikhathi ufunda. Hlalani ndawonye uma ufundela ingane eyodwa noma ezimbili. Ngezingane ezingaphezulu kwalokho, zenze zihlale phambi kwakho bese ubamba incwadi uyiphakamisele phezulu ukuze uzikhombise izithombe ngesikhathi ufunda indaba.
3. Bandakanya izingane zakho! Izingane ezincanyana zivamise ukuthokozela ukupheqa amakhasi. Cela abafundi abadadlana ukuthi bafunde amazwi omunye wabalingiswa, noma isigatshana esisodwa noma ezimbili zendaba.
4. Zama izinto ezahlukene ukwenza izindaba zihlabe umxhwele. Sebenzisa amaphimbo ahlukene kubalingiswa abehlukene. Funda ngelithambile ezingxenyeni ezithule nezimnene zendaba. Funda ngokushesha uma umlingiswa ephuthuma noma exoshwa. Funda ngezwi elikhulu, elidumayo uma kunemisindo emikhulu endabeni.
5. Nikeza izingane zakho isikhathi sokubuka izithombe nibuye nichithe isikhathi nizibukisa izithombe nindawonye. Phawula ngezinto ofuna ukwazi ngazo noma oziqaphelayo futhi ozithandayo. Khuthaza izingane zakho ukuthi zenze njalo nazo.
6. Khuthaza izingane zakho ukuthi zibuze imibuzo. Iphendule uma uzokwazi, noma nibheke izimpendulo nindawonye ngokuphinda nifunde nangokuxoxa ngezingxenywe zendaba, kanye nokubheka ezinye zezithombe futhi.

### NGEMUVA KOKUFUNDA

1. Xoxani ngendaba nindawonye. Khuthaza izingane zakho ukuthi zizwakalise imibono yazo ngezindlela abalingiswa abasendabeni abaziphathe ngayo kanye nokukhetha kwabo.
2. Thola izindlela zokuthi izingane zihlaziye indaba ozifundele zona. Ukwenza isibonelo, zingaphinda zixoxe zibuye zilingise izingxenywe zendaba, noma zidwebe isithombe sokuthile indaba eyenza zikuzwe noma zikucabange, noma zibhale incwadi eya komunye wabalingiswa bendaba.

We will be taking a break until the week of 17 January 2020. Join us then for more Nal'ibali reading magic!

Sizothatha ikhefu kuze kufike isonto lomhla zi-17 kuMasingana kowezi-2020. Hlanganyela nathi ngaleso sikhathi ukuze uthole umlingo wokufunda owengeziwe kaNal'ibali!

IT STARTS WITH A STORY.  
KUQALA NGENDABA EXOXWAYO.

## The Na'ibali bookshelf



## Ishalofu lezincwadi lakwaNa'ibali



In celebration of International Picture Book Month, here are some of the latest children's picture books published in South Africa. Which ones would you and your children like to try?

Ukugubha Inyanga Yamazwe Ngamazwe Yencwadi Enezithombe, nazi ezinye izincwadi zezithombe zakamuva ezishicilelwe eNingizimu Afrika. Yiziphi wena nezingane zakho eningathanda ukuzizama?



### Wanda

**Authors:** Sihle Nontshokweni and Mathabo Tlali

**Illustrators:** Chantelle and Burgen Thorne

**Publisher:** Jacana Media

Wanda is brave and strong, but the boys on the school bus always tease her about her hair. She wants to be proud of her hair, but she worries that her teacher will say it looks like a bird's nest. So, every day, she tries to neaten her hair to fit in. Luckily Grandma's hair secrets and stories give her the courage to face her fears, and Wanda realises that her hair is a crown and not a burden. *Wanda* is available in English, Afrikaans, isiXhosa and isiZulu.



### uWanda

**Ababhali:** Sihle Nontshokweni noMathabo Tlali

**Abadwebi bemifanekiso:** Chantelle noBurgen Thorne

**Umshicileli:** Jacana Media

UWanda unesibindi futhi unamandla, kodwa abafana ebasini lesikole bahlale bemgona njalo ngezinwele zakhe. Uyaziqhenya ngezinwele zakhe, kodwa uyakhathazeka ukuthi uthisha wakhe uzothi zibukeka njengesidleke senyoni. Ngakho, nsuku zonke uzama ukuzicwala kahle izinwele zakhe ukuze afane nabanye. Ngenhlanhla izimfihlo zikaGogo kanye nezindaba zimmika isibindi sokubhekana nakwesabayo, futhi uWanda uyabona ukuthi izinwele zakhe ziwumqhele hhayi umthwalo nje. Incwadi ethi, *uWanda* iyatholakala ngesiNgisi, isiBhunu, isiXhosa kanye nesiZulu.



### Quill Soup

**Author:** Alan Durant

**Illustrator:** Dale Blankenaar

**Publisher:** David Philip Publishers

Noko, the porcupine, is very hungry. On arriving at a village, he asks the other animals for some food and shelter, but they say they have nothing to spare. So Noko comes up with a plan to cook a pot of soup using his quills – a soup so tasty that even the king likes it. Once the villagers hear of his plan, they offer Noko just enough ingredients to make a soup fit for a king. *Quill Soup* is illustrated by international award-winning Dale Blankenaar, and is available in 11 South African languages.



dp davidphilip

Trading as New Africa Books



### Isobho Lamanungo

**Ababhali:** Alan Durant, Busisiwe Pakade

**Umdwebi wemifanekiso:** Dale Blankenaar

**Umshicileli:** David Philip Publishers

UNoko, ingungumbane, ulambe kakhulu. Ekufikeni kwakhe endaweni leyo, ucela kwezinye izilwane ukudlana nendawo yokukhosela, kodwa zithi azinalutho ezingamsiza ngalo. Ngakho uNoko uqhamuka nesu lokupheka ibhodwe lesobho esebenzisa izinungu zakhe – isobho elinambitheka ngendlela yokuthi ngisho inkosi iyalithanda. Zithe zingezwa izakhamuzi ngesu lakhe, zabe sezinikeza uNoko izithako ezanele ukwenza isobho lifanele inkosi. Incwadi *Isobho Lamanungo* idwetshelwe imifanekiso ngosewahlabana ngemiklomelo kumazwe ngamazwe uDale Blankenaar, futhi iyatholakala ngezilimi eziyi-11 zaseNingizimu Afrika.



### The Best Meal Ever!

**Author:** Sindiwe Magona

**Illustrator:** Paddy Bouma

**Publisher:** David Philip Publishers

Mama is away and Siziwe has been left in charge of her little brothers and sisters – and Sango, the dog. But as night falls over Gugulethu, the children are hungry and there is nothing to eat. Siziwe knows it's her responsibility to make a plan, but what can she do with no money, no food and no adult to help? *The Best Meal Ever!* is available in 11 South African languages.



dp davidphilip

Trading as New Africa Books

### Isidlo Esimnandi Ukudlula Zonke!

**Ababhali:** Sindiwe Magona, Busisiwe Pakade

**Umdwebi wemifanekiso:** Paddy Bouma

**Umshicileli:** David Philip Publishers

UMama akekho kanti uSiziwe ushiywe ukuthi abheke abafowabo nodadewabo abancane – kanye nenja okuthiwa uSango. Kodwa ngesikhathi kuhwalala eGugulethu, izingane sezilambile futhi akukho lutho ezizoludla. USiziwe uyazi ukuthi kungumsebenzi wakhe ukwenza isu, kodwa angenzani engenamali, engenakudla futhi engenamuntu omdala ongamsiza? Incwadi ethi *Isidlo Esimnandi Ukudlula Zonke!* iyatholakala ngezilimi eziyi-11 zaseNingizimu Afrika.


### Gogo's List

**Author:** Portia Dery

**Illustrator:** Toby Newsome

**Publisher:** Jacana Media

Fatima is determined to save the day. She wants to help Gogo with her to-do list so that everyone will realise that she is a big girl now. But things don't go exactly as expected. Fatima loses the list and has to try and remember everything that was written on it! Will she be able to? *Gogo's List* is available in English, Afrikaans, isiXhosa and isiZulu. It has won The Golden Baobab Prize for Picture Books and the 2018 Africana Book Award.



### Uhlu lwezinto uGogo azozenza

**Umbhali:** Portia Dery

**Umdwebi wemifanekiso:** Toby Newsome

**Umshicileli:** Jacana Media


UFatima uzimisele ngokusiza ngalolu suku. Ufuna ukusiza uGogo ngohlu lwakhe lwezinto azozenza yikhona wonke umuntu ezobona ukuthi useyintombazane esikhulile manje. Kodwa-ke izinto azihambi kahle njengokulindelekile. UFatima ulahlekelwa wuhlu bese kudingeka ukuba azame ukukhumbula konke obekubhalwe kulo! Ngabe uzokwazi ukwenza lokho? Indaba ethi, *Uhlu lwezinto uGogo azozenza* iyatholakala ngesiNgisi, isiBhunu, isiXhosa kanye nesiZulu. Yawina umklomelo we-The Golden Baobab Prize weZincwadi Zezithombe kanye neyowezi-2018 i-Africana Book Award.



## Yes Yanga!

**Author:** Refiloe Moaholi  
**Illustrator:** Mogau Kekana  
**Publisher:** Pan Macmillan

Yanga is the 3 Tins champion in his community. His life changes completely when his 3 Tins skills are channelled into cricket. Read about how Yanga's crazy talent takes him from local school team to the global sporting stage as one of the stars of the South African Cricket World Cup team. *Yes Yanga!* is available in English and isiXhosa.



PAN MACMILLAN

## Yes Yanga!



**Umbhali:** Refiloe Moaholi  
**Umdwebi wemifanekiso:** Mogau Kekana  
**Umshicileli:** Pan Macmillan

UYanga ungumpetha wa3 Thina emphakathini wakhe. Impilo yakhe iyaguquka ngokuphelele ngenkathi amakhono akhe emdlalweni ka3 Thina esedlulela kowekhilikithi. Funda ngesiphiwo esimangazayo sikaYanga nokuthi simsusa kanjani eqenjini lesikole sendawo limbeke emidlalweni yomhlaba njengomunye wezihlabani ethimbeni laseNingizimu Afrika leNdebe Yomhlaba YeKhilikithi. Indaba ethi, *Yes Yanga!* iyatholakala ngesiNgisi kanye nesiXhosa.

## Where is Naledi?

**Authors:** Elisa Sandoval-Serés, Helen Spence-Jones, Melissa de Bruin  
**Illustrators:** Young Ha Suh, Samantha Lostrom  
**Publisher:** David Philip Publishers

Naledi is a meerkat pup who gets lost and separated from her family. The humans catch her and put her in a cage! There, she meets Diriva, an adult meerkat who has been a pet for a long time. Diriva warns her that there are lots of bad things about being a pet, so Naledi runs away to look for her family. Meanwhile, her family keeps searching for her in the desert. There are lots of dangers when you are alone in the wild! Will Naledi find her family? *Where is Naledi?* is available in 11 South African languages.



dp davidphilip  
 Trading as **New Africa Books**

## Ukuphi uNaledi?

**Ababhali:** Elisa Sandoval-Serés, Helen Spence-Jones, Melissa de Bruin, Busisiwe Pakade  
**Abadwebi bemifanekiso:** Young Ha Suh, Samantha Lostrom  
**Umshicileli:** David Philip Publishers



UNaledi yizinyane lobubhibhi elilahleka lehlukane nomndeni walo. Abantu bayambamba bamfake ekhejini! Lapho, uhlangana noDiriva, ububhibhi obudala osekunesikhathi eside efuyiwe. UDiriva wamexwayisa ngokuthi ziningi izinto ezimbi ngokuba yisilwane esifuywayo, ngakho uNaledi uyabaleka ayofuna umndeni wakhe. Ngaleso sikhathi, umndeni wakhe ulokhu umcinga ogwadule. Kukhona izingozi eziningi uma uwedwa endle! Ngabe uNaledi uzokwazi ukuthola umndeni wakhe? Indaba ethi, *Ukuphi uNaledi?* iyatholakala ngezilimi eziyi-11 zaseNingizimu Afrika.



## The Gift of the Sun

**Author:** Dianne Stewart  
**Illustrator:** Jude Daly  
**Publisher:** Jacana Media

All Thulani wants is a simple life basking in the sun. Tired of milking the cow, he exchanges it for a goat ... the goat for a sheep ... the sheep for three geese ... until all he has left is a pocket of sunflower seeds! But the sunflower seeds feed the hens, the hens lay more eggs than ever, and before long, Thulani is enjoying the gift of his newfound fortune. *The Gift of the Sun* is available in English, Afrikaans, isiXhosa and isiZulu.



## Isipho selanga


**Umbhali:** Dianne Stewart  
**Umdwebi wemifanekiso:** Jude Daly  
**Umshicileli:** Jacana Media

Okufunwa wuThulani yimpilo elula nje yokuthamela ilanga. Esekhathele wukusenga inkomazi, uyishintshanisa nembuzi ... ashintshanise imbuzi ngemvu ... asuke emvini ashintshanise namahansi amathathu ... kwaze kwabe asesele nakho nje yiphakethe lembewu kajikanelanga! Kodwa izinhlamvu zikajikanelanga zondla izikhukhukazi, izikhukhukazi zizalela amaqanda amaningi ukwedlula okwangaphambili, futhi kungekudala, uThulani uthokozela isipho senhlanhla yakhe asanda kuyithola. Indaba ethi *Isipho selanga* iyatholakala ngesiNgisi, isiBhunu, isiXhosa kanye nesiZulu.

## South African Animal Portraits A-Z

**Author and illustrator:** Nicolaas Maritz  
**Publisher:** David Philip Publishers

Meet the mammals, reptiles, insects and birds who live in the veld, desert, forests and ponds of South Africa. From the ant-eating aardvark to the zebra spitting cobra, there is a new friend on every page. This alphabet book is packed with beautiful illustrations and includes the scientific name of each animal. *South African Animal Portraits A-Z* is available in English.



dp davidphilip  
 Trading as **New Africa Books**

## South African Animal Portraits A-Z

**Umbhali nomdwebi wemifanekiso:** Nicolaas Maritz  
**Umshicileli:** David Philip Publishers


Hlangana nezilwane ezincelisayo, ezihquzelayo, izinambuzane kanye nezinyoni ezihlala ehlane, ogwadule, emahlathini kanye nasemachibini aseNingizimu Afrika. Ukusuka esambaneni esidla izintuthwane ukuya emfezini, kukhona umngani omusha ekhasini ngalinye. Le ncwadi enezinhlamvu ze-alfabethi igcwele imifanekiso emihle futhi efaka negama lesayensi lesilwane ngasinye. Incwadi ethi *South African Animal Portraits A-Z* itholakala ngesiNgisi.



## The Go-Away Bird

**Author:** Julia Donaldson  
**Illustrator:** Catherine Rayner  
**Publisher:** Pan Macmillan

One by one, the birds fly into the tree where the Go-Away bird sits. They want to talk or play, but the Go-Away bird just shakes her head and sends them all away. Then a dangerous bird comes along, and the Go-Away bird soon realises that she might need some friends after all. This beautifully-illustrated story has been written in rhyme by best-selling author, Julia Donaldson, and is available in English.



PAN MACMILLAN

## The Go-Away Bird

**Umbhali:** Julia Donaldson  
**Umdwebi wemifanekiso:** Catherine Rayner  
**Umshicileli:** Pan Macmillan

Ngayinye ngayinye, izinyoni ziyandiza ziye esihlahleni lapho kuhleli khona uMklewu. Zifuna ukukhuluma noma ukudlala, kodwa uMklewu unikina ikhanda bese ezixosha zonke. Emva kwalokho sekufika inyoni eyingozi, uMklewu ubone ukuthi ungase udinge abangani phela. Le ndaba edwetshelwe imifanekiso emihle ibhalwe njengomlozelo wumbhali onezincwadi ezithengisa kakhulu, uJulia Donaldson, futhi iyatholakala ngesiNgisi.



# Enjoy picture books!

Here are some ideas to help you and the children in your life celebrate **International Picture Book Month**.

- **Choose your favourite.** Make a list of all the picture books you and your children read together during November. Then at the end of the month, vote for your favourite book. The picture book that gets the most votes is the winner!
- **Tell the story.** Choose a picture book that none of you has read before. Read the title together. Next, page through the book, and while looking at the pictures, tell your own story to go with them. Afterwards, read the story that the author wrote. How was the story you told, similar and/or different to the one that the author wrote?
- **Try something new.** During November try reading picture books by authors you haven't tried before. Also, choose picture books with different styles of illustration. You may find a new favourite picture book!
- **Make your own picture book.** Make up a story with your children and then write it down on sheets of paper. Get everyone involved in drawing the pictures. Use staples or string to bind the book together. Don't forget to give your books a cover! (**Tip:** You can find instructions on how to bind a book and make a book cover that lasts in Edition 161.)
- **Be a picture book ambassador.** If you have a Facebook page, challenge your friends to celebrate International Picture Book Month by reading a picture book to a child every day during November. Share some of the ideas on this page with them too. If you're on Twitter or Instagram, use the hashtag #internationalpicturebookmonth. Tweet or post about the importance of picture books and let your followers know what they can do to help grow a love of reading in children.

# Thokozela izincwadi zezithombe!

Nawa amanye amasu okusiza wena nezingane osondelene nazo ukugubha **Inyanga Yamazwe Ngamazwe Yencwadi Enezithombe**.

- **Khetha eyakho edla ubhedu.** Yenza uhlu lwazo zonke izincwadi zezithombe wena nezingane zakho enizifunde ndawonye ngekalwezi. Bese-ke ekupheleni kwenyanga, nivotele incwadi yenu edla ubhedu. Incwadi yezithombe ethola amavoti amaningi iyona ephumelele!
- **Xoxa indaba.** Khetha incwadi yezithombe engakaze ifundwe ngomunye wenu ngaphambilini. Fundani isihloko ndawonye. Okulandelayo, pheqani encwadini, bese kuthi ngesikhathi nibuka izithombe, nixoxe eyenu indaba ehambisana nezithombe. Ngemva kwalokho, fundani indaba umbhali ayibhalile. Ngabe indaba eniyixoxile ifana futhi/noma yehluka kanjani kuleyo ebhalwe ngumbhali?
- **Zama okuthile okusha.** Ngesikhathi kuqhubeka ulwezi zama ukufunda izincwadi zezithombe zababhali ongakaze ubazame phambilini. Emva kwalokho, khetha izincwadi zezithombe ezinezindlela ezahlukene zokudwetshwa kwemifanekiso. Ungase uthole incwadi entsha yezithombe ezodla ubhedu!
- **Yenza eyakho incwadi yezithombe.** Sungula indaba nezingane zakho bese uyibhala phansi eziqeshini zamaphepha. Yenza wonke omunye umuntu ahlangeyele ekudwebeni imifanekiso. Sebenzisa iziqhanelo noma izintambo ukuhlanganisa ndawonye incwadi. Ungakhohlwa ukwenzela incwadi yakho ikhava! (**Icebo:** Ungathola imiyalo yokuthi uyihlanganisa kanjani incwadi nokwenza ikhava yencwadi ehlala isikhathi eside kuShicilelo 161.)
- **Yiba yinxusa lezincwadi zezithombe.** Uma unekhasi likaFacebook, phonsela inselelo abangani bakho ukuthi bagubhe Inyanga Yamazwe Ngamazwe Yencwadi Enezithombe ngokufundela ingane incwadi yezithombe nsuku zonke ngenyanga kalwezi. Yabelana nabo ngamanye amasu akuleli khasi. Uma ngabe ukuTwitter noma u-Instagram, sebenzisa iheshithegi #internationalpicturebookmonth. Thumela uTwitter noma ufake ekhasini lakho mayelana nokubaluleka kwezincwadi zezithombe bese wazisa abalandeli bakho ukuthi bangenzani ukusiza ukukhulisa uthando lokufunda ezinganeni.




## Create TWO cut-out-and-keep books

### How many dogs?

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

### Why Dog is afraid of storms

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



## Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

### Zingaki izinja?

1. Dabula ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.


### Kungani uNja esaba ukuduma kwezulu

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nelesi-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa amaphepha abe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Asonge abe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.



Wacabanga kakhulu kwaze kwaba sengathi  
usehogela amakha lawo. Akazange  
awabone amafu agcwele imvula endlaleka  
njengobhulankethi phezu kwakhe.

He thought so hard that he could almost smell  
the perfume. He did not notice the rain clouds  
spreading like a blanket above him.



UNja wacabanga wacabangisisa ...

Dog thought and thought ...



We publish what we like

This is an adapted version of *Why Dog is afraid of storms* published by Jacana Media and available in bookstores and online from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is available in English, Afrikaans, isiXhosa, isiZulu, Sesotho and Setswana. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Lapha ibhalwe kabusha indaba ethi, *Kungani uNja esaba ukuduma kwezulu*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye nakusizindalwazi ekhelini elithi-[www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgesi, isiBhunu, isiXhosa, isiZulu, isiSotho neSitswana. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku-[www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (World rights) Tel: 011 628 3200

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination

## Why Dog is afraid of storms

## Kungani uNja esaba ukuduma kwezulu



Maryanne Bester

Shayle Bester

Thandiwe Nxumalo Kuntu

Kwase kuphumele inkomazi phambili  
 yanyenyezela uNja endlebeni. Yamupha ithuba  
 lokuzigingqa odakeni lwazo, indawo yokuhlala  
 emthunzini, umdalo wokugijima uzungeze  
 idamu, KANYE nebhodlela elinuka kakhulu  
 lamakha eqaga.



Then a cow came forward and whispered in  
 Dog's ear. She offered him a roll in their mud,  
 a place in their shade, a mad race around the dam  
 AND an extra-smelly bottle of polecat perfume.



It was the end of the dry season and Dog's best  
 friend was tired. He asked Dog to watch the  
 cattle in the kraal and went off to rest.

Then Dog stopped thinking ...  
 He swung open the gate.



When the sun comes out, Dog forgets the  
 terror of the storm. He runs to his best friend  
 and is happy. But he will never again trust  
 those mischievous cattle!


Uma ilanga liphuma, uNja uyakhohlwa ulaka  
 lokuduma kwezulu. Ugijimela kumngane  
 wakhe omkhulu ahlale ngokujabula. Kodwa  
 ngeke aphinde futhi azethembe leziya  
 zinkomo ezingezwa!

UNja wakuyeka ukucabanga...  
Wavula isango kakhulu gembeg.



He believes he will again be trampled  
by many loud hooves.


Ucabanga ukuthi uzobuye anyathelwe  
yizinselo eziningi ezinomsindo.



Isikhathi sesomiso sase siya ngasekupheleni kanti  
umngani omkhulu kaNja wayekhathela. Wacela  
uNja ukuthi ambhekele izinkomo esibayeni  
maqede yena wahamba waya kophumula.

Zaphinda futhi zamupha ithuba lokuzingqa  
 odakemi lwazo, indawo esemthunzini KANYE  
 nomdalo wokugijima uzungeze idamu.  
 UN'ja wacabanga ngalokhu. Kepha  
 wangalivula isango.

So next they offered him a roll in their mud, a  
 place in their shade AND a mad race around  
 the dam.  
 Dog thought about it. But he still would not  
 open the gate.



But at that moment, a sharp light  
 cracked across the sky, and he heard  
 what sounded like a great whip  
 striking the ground.

Dog sat down at the kraal gate. The cattle  
 greeted Dog and he listened as they discussed  
 the coming rains. He was too young to have  
 ever seen a rainstorm.


Then the cattle began to offer gifts to Dog –  
 if he would only open the gate.



... and he hides away.

... uyahamba ayozifihla.

Kukhona okunuka kamandi.




Something smells good.

Izinja eziyisithupha.

6



Six dogs.




Izinja ezinhlanu.

5




Five dogs.




# How many dogs?

## Zingaki izinja?



Ruth Cousins  
Busisiwe Pakade



Reproduced by kind permission of The Little Hands Trust and the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA). To find out more about PRAESA, go to [www.praesa.org.za](http://www.praesa.org.za).



Ikhizwe kabusha ngomusa wemvume yabakwaThe Little Hands Trust kanye nabakwaProject for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA). Ukuthola kabanzi ngabakwaPRAESA, iya ku-[www.praesa.org.za](http://www.praesa.org.za).




Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your imagination



No dogs.



Akunazinja.

Izinja ezine.

Four dogs.


4



Izinja ezintathu.

Three dogs.

3





One dog.

Inja eyodwa.



Two dogs.

Izinja ezimbili.





Kodwa ngawo lowo muzu,  
 umbani wadubula esibhakakeni,  
 uNja wezwa umsindo ongathi  
 ovesiswebhu ushaya phansi.



And that is why when Dog smells the storm and hears the thunder, his eyes grow wild, he begins to shake ...

Yingakho nje uma uNja ezwa iphunga lesibhicongo semvula noma ukuduma kwezulu, amehlo akhe evuleka kakhulu, aqale ukuqhaq hazela ...



... AND a place in their shade.  
 Dog thought about it. But he  
 would not open the gate.

... KANYE nendawo esemthunzini.  
 UNja wacabanga ngalokhu. Kepha  
 wangalivula isango.

UNja wahlala esangweni lesibaya. Izinkomo zambingelela kahle uNja yena walalela ngenkathi izinkomo zixoxa ngezimvula ezizayo. Wayeseyingane kakhulu futhi wayengakaze asibone isibhicongo semvula.

Izinkomo zaqala ukupha uNja izipho – uma nje engazivulela isango.



Zaphinda zamupha ithuba lokuzigingqa odakeni lwazo ...



Then they offered him a roll in their mud ...

First they offered him a roll in their mud.


Dog thought about it. But he would not open the gate.



Okokuqala zamupha ithuba lokuzigingqa odakeni lwazo.

UNja wacabanga ngalokhu. Kepha wangalivula isango.

Then the terrifying sound of drumming hooves filled his ears, as all the cattle charged right over him – and out of the gate.



Khona manjalo wezwa umsindo owesabekayo wobugidigidi bezinselo zezinkomo ovala izindlebe, ngenkathi izinkomo zidlula zihamba phezu kwakhe – ziphuma ngesango.

## Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *Why Dog is afraid of storms* (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12), *How many dogs?* (pages 9 and 10) and *Hair magic* (page 14).



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi ongayizama. Isuselwa kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *Kungani uNja esaba ukuduma kwezulu* (amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12), *Zingaki izinja?* (amakhasi 9 nele-10) kanye nethi, *Umlingo wezinwele* (ikhasi le-15).

### Why Dog is afraid of storms

★ Talk about the story.

- ☐ What do you think of the way that the cattle behaved towards Dog?
- ☐ Do you think it was wrong of Dog to open the gate? Why or why not?
- ☐ If the boy had asked you to look after the cattle, is there something that someone could have promised you which would have made you open the gate? What would it be?
- ☐ If Dog had kept the gate shut, do you think he would still be afraid of storms? Why or why not?

★ What are you scared of? Tell a friend or family member the story of how you came to be scared of one of these things.

### Kungani uNja esaba ukuduma kwezulu

★ Xoxa ngendaba.

- ☐ Ucabangani ngendlela izinkomo ezimphathe ngayo uNja?
- ☐ Ucabanga ukuthi kwaba yiphutha ukuthi uNja avule isango? Kungani kunjalo noma kungenjalo?
- ☐ Ukuba umfana ubekucelile ukuthi uqaphe izinkomo, ngabe kukhona yini umuntu abengakuthembisa khona obekuzokwenza uvule isango? Bekungaba yini leyo?
- ☐ Ukuba uNja ubeligcine livaliwe isango, ucabanga ukuthi ubesazoqhubeka alesabe izulu? Kungani usho noma ungasho njalo?

★ Yini oyesabayo? Xoxela umngani noma ilunga lomndeni indaba yokuthi kwenzeka kanjani ukuthi wesabe enye yalezi zinto.



### How many dogs?

- ☆ Use the pictures to retell the story in your own way.
- ☆ People who are hearing impaired communicate by using sign language. Try out the signs used in this story.
- ☆ Make your own counting book for the numbers one to ten. Can you make your book bilingual?



### Zingaki izinja?

- ☆ Sebenzisa izithombe ukuphinda uxoxe indaba ngendlela yakho.
- ☆ Abantu abangezwa kahle ezindlebeni bakhuluma ngokusebenzisa ulimi lwezimpawu. Zama izimpawu ezisetshenziswe kule ndaba.
- ☆ Yenza eyakho incwadi yokubala yezinombolo ukusuka kweyokuqala kuya kweyeshumi. Ungakwazi ukwenza incwadi yakho ibe limimbili?

### Hair magic

★ Think about your hair.

- ☐ What do you like the most about your hair?
- ☐ Do you like to keep your hair in the same style – or do you enjoy having it in different styles?
- ☐ Are there other hairstyles that you would like to try?
- ☐ What is your favourite hairstyle? Why do you like it?

★ Draw a picture of yourself with your favourite hairstyle!



### Umlingo wezinwele

★ Cabanga ngezinwele zakho.

- ☐ Yini oyikhonze ngokwedlulele ngezinwele zakho?
- ☐ Ngabe uyathanda ukugcina izinwele zakho ziyisitayela esisodwa – noma uthokozela ukwenza izitayela ezahlukene?
- ☐ Zikhona ezinye izitayela zezinwele ongathanda ukuzizama?
- ☐ Yisiphi sitayela sakho sezizinwele osikhonzile? Usithandelani?

★ Dweba isithombe somfanekiso wakho wenze isitayela osikhonzile!



# Hair magic



By Mbali Kgame ■ Illustrations by Magriet Brink and Leo Daly

Zinhle loved skipping in the playground with her friends Sindi and Zongi. Just one thing worried her. When her friends skipped, their hair flew up and down, and flicked from side to side. Zinhle had a thick mop of soft hair that formed a big round shape, and it never moved in the same way as theirs did.



One Saturday morning Zinhle asked her mother, "Mama, why doesn't my hair grow down like my friends' hair? Their hair flies about when they skip. It looks so pretty! It makes me sad that my hair doesn't move like that. It just stays still!"

"Your hair may be different from your friends' hair, but it's just as beautiful as theirs!" said Mama. Zinhle made a sad face, but her mama just smiled at her. "Look around you, Zinhle," she said. "Your hair grows from the roots up, like the trees and plants. It's also round and big, just like the earth we live on. You can play around with it too and make beautiful patterns and shapes in it. Your hair is magical – and *that* is special!"

These words made Zinhle happy. She ran outside to tell her friends about her magical hair. But when she told Zongi and Sindi what Mama had said, they just looked at each other, and burst out laughing.

"How can hair be magic?" asked Zongi.

"Ha-ha-ha!" laughed Sindi. "Don't joke like that, Zinhle! Magic? Never!"

Zinhle's eyes filled with tears, but she didn't cry. She didn't want Zongi and Sindi to laugh at her again.

Just then, the girls saw Gogo waving to them. She was standing in her doorway nearby.

"Look, Gogo's calling us," said Zinhle.

The three children loved helping Gogo. She told them lots of stories and gave them dried fruit every time they visited her. So Zinhle, Zongi and Sindi hurried to find out why Gogo was calling them.

"I'm not well today," said Gogo. "I want to send you to kwaNtuli to get some medicine."

The children were sad to hear that Gogo wasn't well and agreed to go and get her some medicine.

"I'll draw you a map so you won't get lost," said Gogo. "The map will lead you to Baba Ntuli's place, and he'll give you some herbs." Then Gogo went inside to find paper and a pencil to draw the map. She looked in her drawer, but she couldn't find any paper. "I'll have to make another plan," she said.

She looked carefully at each of the girls. Then she said, "Zinhle, you have very beautiful hair. It looks strong. I will braid cornrows to make a map in your hair. The map will help you get to kwaNtuli."

Gogo sat on her favourite red chair, and Zinhle sat on the mat in front of her. Gogo braided Zinhle's hair. The other girls watched eagerly. As Gogo combed and braided different patterns, Zongi and Sindi were amazed by the length of Zinhle's hair.

"Wow! Your mama is right," said Sindi. "Your hair really IS magical! It looks so short, but it's longer than you think!"

"It's true," said Zongi. "It's a big surprise!"


Zinhle smiled at them happily.

When Gogo had finished braiding Zinhle's hair, the cornrows looked just like a map to guide the children to kwaNtuli! As they walked along the narrow paths through the veld, Zongi and Sindi often stopped and studied Zinhle's hair to make sure that they were still going in the right direction. While they walked, they sang a song they had made up:

*"Gogo's not well,  
Gogo's not well.  
We're going to kwaNtuli,  
we're going to fetch herbs –  
herbs to make Gogo well!"*

The children finally arrived at kwaNtuli. There Baba Ntuli gave them two packets of herbs for Gogo. On their way home the girls again used Zinhle's cornrow map to guide them. When they arrived safely at Gogo's house, they gave her the medicine.

The next morning, Zinhle, Zongi and Sindi went to Gogo's house to see if she was better. When they arrived, they found her watering her garden.



"Good morning, my children," said Gogo with a big smile. "I'm feeling much stronger today, all thanks to you!"

The girls were happy to hear that they had helped Gogo, but they were thinking about something else too.

"Gogo, would you please braid my hair the same way you did Zinhle's hair?" asked Sindi.

"Mine too, please!" said Zongi.

"Of course," said Gogo. "Come inside."

During news time at school the next morning, the three friends told their class all about their magic hairstyles. At break, they had just started skipping when some children asked to see their cornrows that made a map to kwaNtuli. "It really is magic," said someone, and everyone else agreed.



# Umlingo wezinwele

NguMbali Kgame ■ Imidwebo nguMagriet Brink noLeo Daly



UZinhle wayekuthanda ukweqa ingqathu enkundleni yokudlala nabangani bakhe oSindi noZongi. Kunento eyodwa nje eyayimkhathanza. Lapho abangani bakhe beqa ingqathu, izinwele zabo zazinyakaza ziye phezulu naphansi, futhi zinyakaze ziye lena nalena. UZinhle wayenezinwele ezithambile ezizugqinsi olwenza isimo esiyindilinga enkulu, futhi zazinganyakazi ngendlela efanayo nezabangani bakhe.



NgoMgqibelo mumbhe ekuseni uZinhle wabuza unina, "Mama, kungani izinwele zami zingakhuli njengezinwele zabangani bami? Izinwele zabo ziyandiza nje uma beqa ingqathu. Zibonakala zizinhle! Kungenza ngiphatheke kabi ukuthi izinwele zami azinyakazi kanjalo. Zihlala ziithule nje!"

"Izinwele zakho zingase zehluka kwezabangani bakho, kodwa nazo zinhle nje njengezabo!" kwasho uMama. UZinhle waba nobuso obudangele, kodwa unina wammoyizelela. "Bheka eduze kwakho, Zinhle," kusho yena. "Izinwele zakho zikhula zisuka ezimpandeni ziye phezulu, njengezihlala kanye nezishalo. Kanti ziyindilinga futhi zinkulu, zifana ncamashi nomhlaba esiphila kuwo. Ungadlala ngazo nawe bese wenza amaphethini nezimo ezinhle kuzo. Izinwele zakho ziwumlingo – futhi lokho kungokwekhethelo!"

La mazwi amenza uZinhle wajabula. Wagijima waphumela phandle eyotshela abangani bakhe ngezinhlele zakhe ezizumlingo. Kodwa wathi lapho etshela uZongi kanye noSindi ukuthi uMama utheni, bavele babhekana base bephela yinsini.

"Zingaba wumlingo kanjani izinwele?" kubuza uZongi.

"Ha-ha-ha!" kuhleka uSindi. "Ungahlekisi kanjalo, Zinhle! Umlingo? Lutho!"

Amehlo kaZinhle agwala izinyembezi, kodwa akazange akhale. Wayengasafuni ukuthi uZongi noSindi baphinde bamhleke.

Khona ngaso lesi sikhathi, amantombazane ayesebona uGogo ewaqhweba. Wayemile emnyango oseduze.

"Bhekani, uGogo uyasibiza," kwasho uZinhle.

Izingane ezintathu zazithanda ukusiza uGogo. Wayezixoxela izindaba eziningi futhi ezinikeza nezithelo ezomisiwe njalo nje uma zimvakashele. Ngakho uZinhle, uZongi noSindi baphuthuma baya kuGogo ukuyothola ukuthi wayebabizelani.

"Angiphilile kahle namuhla," kwasho uGogo. "Ngifuna ukunithuma niye kwaNtuli niyongitholela umuthi."

Izingane zadumala ukuzwa ukuthi uGogo wayengaphilile kahle zase zivuma ukuthi zihambe ziyomtholela umuthi.

"Ngizonidwebela ibalazwe ukuze ningeduki," kwasho uGogo. "Ibalazwe lizosiza ukuniholela emzini kaBaba uNtuli, uzoninikeza amakhambi athile." Emva kwalokho uGogo wangena ngaphakathi wayothatha iphepha nepensela ukuze adwebe ibalazwe. Wabheka ediloweni, kodwa kazange athole phepha. "Kuzomele ngenze elinye isu," kwasho yena.

Wayesebheka ngokucophelela intombazane ngayinye. Emva kwalokho wayesethi, "Zinhle, unezinwele ezinhle kakhulu. Zibonakala ziqinile. Ngizokweluka imiqhino ukuze ngenze ibalazwe ezinweleni zakho. Ibalazwe lizonisiza ukufika kwaNtuli."

UGogo wahlala esihlalweni sakhe esibomvu asikhonzile, uZinhle wayesehlala ecansini phambi kwakhe. UGogo wayeseluka izinwele zikaZinhle. Amanye amantombazane abuka ngokulangazelela. Ngenkathi uGogo ekama ebuye eluka amaphethini ahlukahlukene, uZongi noSindi bamangaliswa wubude bezinwele zikaZinhle.

"Hawu! Umama wakho uqinile," kwasho uSindi. "Izinwele zakho IMPELA ziwumlingo! Zibukeka zimfishane ngempela, kodwa zinde kunalokho okucabangayo!"

"Yiqiniso," kwasho uZongi. "Yinto engalindelekile le!"


UZinhle wamoyizela ngenjabulo lapho ebabheka.

Lapho uGogo eseqedile ukweluka izincwele zikaZinhle, imigqa yayibukeka nje njengebalazwe eliqondisa izingane kwaNtuli! Ngesikhathi behamba ezigwaqaneni eziyimincingo esigangeni, uZongi noSindi babelokhu bema bebheka izinwele zikaZinhle ukwenza isiqiniseko sokuthi basahamba ngendlela efanale. Ngenkathi behamba, babecula ingoma abaziqambe yona:

*"UGog' akaphilile kahle,  
UGog' akaphilile kahle.  
Siya kwaNtuli,  
siyoland' amakhathakhathana –  
amakhathakhathan' okuphilis' uGogo!"*

Ekugcineni izingane zafika kwaNtuli. Lapho-ke uBaba uNtuli wazinikeza amaphakeshano amabili emithi kaGogo. Endleleni ebuyela ekhaya, amantombazane asebenzisa ibalazwe lemigqa yemiqhino esekhanda likaZinhle ukuwaqondisa. Athi uma esefika ephephile emzini kaGogo, amnikeza umuthi.

Ngakusasa ekuseni, uZinhle, uZongi kanye noSindi bahamba baya emzini kaGogo ukuze bayobona ukuthi wayesengcono yini. Lapho befika khona, bamthola enisela isivande sakhe.



"Sanibonani, zingane zami," kwasho uGogo emoyizela kakhulu. "Ngizizwa ngingcono kakhulu namuhla, konke ukubonga ngikwedlulisa kini!"

Amantombazane ajabula ukuzwa ukuthi ayemsizile uGogo, kodwa ayecabanga ngokunye futhi.

"Gogo, ngingacela yini ukuba ungeluke izinwele zami ngendlela efanayo nalena owenza ngayo izinwele zikaZinhle?" kucela uSindi.

"Nezami futhi, ngiyacela!" kwasho uZongi.

"Nakanjani," kwasho uGogo. "Ngenani ngaphakathi."


Ngesikhathi sezindaba esikoleni ngakusasa ekuseni, abangani abathathu batshela ikilasi labo ngezityela zabo zezinwele ezizumlingo. Ngesikhathi sekhefu, base beqala nje ukweqa ingqathu ngenkathi ezinye izingane zicela ukubona imiqhino eyayenza ibalazwe eliya kwaNtuli. "Kungumlingo ngempela," kwasho othile, bonke abanye bavuma.



## 1. Are you a star storyteller?

Look at the pictures below. Can you make up a story based on all or some of these pictures? You could tell your story to a group of friends, or write it down so that you can read it to others later.

- ☉ Decide which picture you want to use for the start of your story.
- ☉ Then look at the other pictures and decide in what order you could use them to create a story.
- ☉ Now, write or tell your story and use words to fill in the gaps between the pictures to create your story.
- ☉ Many different stories can be created from the pictures. The story you write or tell will depend on the order you use the pictures in, the ideas you have and how you weave them together into a story!
- ☉ You may want to cut out the pictures to use with your story.
- ☉ Don't forget to give your story an interesting title.



## Ngabe ungumpetha ekuxoxeni izindaba?

Bheka izithombe ezingezansi. Ngabe ungakwazi ukuzenzela indaba esuselwa ezithombeni zonke noma ezinye zazo? Ungalixoxela indaba yakho iqembu labangani, noma uyibhale phansi ukuze uyifundele abanye abantu ekuhambeni kwesikhathi.

- ☉ Nquma ukuthi ufuna ukusebenzisa siphil isithombe ukuze uqale indaba yakho.
- ☉ Bese ubheka ezinye izithombe, unquma ukuthi ungazilandelanisa kanjani ukuze wenze indaba.
- ☉ Manje-ke, bhala noma uxoxe indaba yakho bese usebenzisa amagama ukuze ugqwalise izikhala phakathi kwezithombe ukwenza indaba yakho.
- ☉ Kungenziwa izindaba eziningi ezahlukene ngezithombe. Indaba oyibhalayo noma oyixoxayo izoncika ekutheni izithombe uzihlele kanjani ngokulandelana, imiqondo onayo kanye nokuthi uyihlanganisa kanjani ukuze ikhiphe indaba!
- ☉ Kungenzeka uthande ukusika ukhiphe izithombe ozozisebenzisa endabeni yakho.
- ☉ Ungakhohlwa ukunikeza indaba yakho isihloko esihlaba umxhwele.

## 2. Can you help Hope?

When Hope got home from school, she found a note in the kitchen that her mom had left for her. Hope was so thirsty that she decided to pour herself a glass of orange juice before reading the note. But as she was pouring the juice, some of it spilled onto the note and now she can't read all the words! Can you help her guess what the missing words in the note might be?

Hi \_\_\_\_\_  
 I have gone to buy some \_\_\_\_\_  
 to make sandwiches for your school lunch  
 tomorrow. I will buy some more  
 \_\_\_\_\_  
 juice too. On my way home from the  
 \_\_\_\_\_  
 I am going to stop at the library to borrow some  
 more \_\_\_\_\_  
 Please start doing your homework. See you soon!  
 Love  
 \_\_\_\_\_



Sawubona \_\_\_\_\_  
 Ngihambile ngayothenga \_\_\_\_\_  
 ukwenza amasemishi esidlo sakho sasemini  
 sesikole sakusasa. Ngizothenga eyengeziwe ijusi  
 \_\_\_\_\_  
 futhi. Endleleni ebuyela ekhaya ngisuka  
 \_\_\_\_\_  
 ngizodlula emtatsheni wezincwadi ukuze ngeboleke  
 ezinye \_\_\_\_\_  
 Ngicela uqale ukwenza umsebenzi wakho wesikole  
 owenziwa ekhaya. Ngizokubona maduze!  
 Ngothando  
 \_\_\_\_\_

**We will be taking a break until the week of 17 January 2020. Join us then for more Nal'ibali reading magic!**  
**Sizothatha ikhefu kuze kufike isonto lomhla ziyi-17 kuMasingana kowezi-2020.**  
**Hlanganyela nathi ngaleso sikhathi ukuze uthole umlingo wokufunda owengeziwe kaNal'ibali!**

**Answers:** 2. Hope, bread, orange, shop/supermarket, books, Mom/Mommy

Nal'ibali is here to motivate and support you. **Contact us** by calling our call centre on **02 11 80 40 80**, or in any of these ways:

**UNal'ibali** ulapha ukukhuthaza nokukusekela. **Thintana nathi** ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi **02 11 80 40 80**, noma enye yalezi zindlela:

- [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)
- [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)
- [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)
- [@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)
- [@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)
- [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)

Produced by The Nal'ibali Trust and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

**S**owetan  
 IN THE KNOW ON THE MOVE.



Drive your imagination

